Publication: Isolezwe ngeMpelaSonto
Page: 16
Title: Ugila izimanga owaqala ukubhaka eqeda isizungu
Publish Date: 23 August 2025
AVE: 27287.13
Author: INTATHELI YESOLEZWE



UNJABULO Sithole ongumnikazi webhikawozi iBakers Creationz

Isithombe: SIGCINIWE



AMA-BROWNIES aconsisa amathe

Isithombe: FACEBOOK

## Funda ukwenza ama-brownies

NGEMIZAMO yokucathulisa abathanda ikhishi, umpheki ohlonishwayo kuleli nofundisa amakhono okubhaka eCapsicum Culinary Studio, u-Andile Magwaza, wethula indlela elula yokufunda ukubhaka ama-brownies amnandi

Izithako ezidingekayo

-8 izipuni zikabhotela oqotshiwe nomunye omncane wokuthambisa ipani

1 inkomishi ykafulawa

¼ inkomishi ye-cocoa powder

½ thisipuni ye-baking powder

½ thisipuni kasawoti

1 inkomishi kashokoledi onoshukela omncane noma oduma, oqotshiwe

1¼ inkomishi kashukela

- Amaqanda amakhulu amathathu

Indlela yokwenza

Shisisa uhhavini ngo-180°C. Gcoba ubhotela epanini elingu-23cm eliyisikwele. Ndlala ipheshana elisetshenziselwa ukubhaka lilenge okungenani ngo-5cm emaceleni.

Endishini encane, faka ufulawa, cocoa powder, baking powder nosawoti.

Faka ibhotela, noshokoledi endishini enkulu ozoyibeka phezu kwebhodwe elinamanzi abilayo ukuze ukwazi ukuncibikalisa izithako zakho ube ugoqoza kuze kuhlangane kahle (imizuzu emibili kuya kwemithathu), bese uyayisusa phezu kwebhodwe, ufake ushukela uqhubeke uhlanganise kahle. Faka amaqanda uqhubeke uhlanganise, bese ulandela ngezithako ezinofulawa uhlanganise kahle.

Kufake epanini lakho lokubhaka elimbozwe ngephepha lakhona ubhake isikhathi esiphakathi kwemizuzu engu-50-60 uhlabe ngemmese ukuhlola ukuvuthwa, uma ummese wakho uphuma ungenalutho kusho ukuthi kubuthiwe, uzokhitha ikhekhe lakho epanini ulibeke kwelinye imizuzu engu-30 ukuze liphole. Uma selipholile, uzosebenzisa ummese ukusika izikwele ezingu-16.

# Ugila izimanga owaqala ukubhaka eqeda isizungu

INTATHELI YESOLEZWE

NGESIKHATHI eqeda isizungu ngokubhaka ama-muffin esebenzisa i-premix, uNjabulo Sithole, wayengazi ukuthi utshala imbewu ezomphumelelisa agcine esekhiqiza imibhako edayisa ezitolo ezinkulu njengoPick n Pay noSpar.

Le nsizwa yaseMaphephetheni ngaseNanda Dam ithakasela ukukhula kwebhizinisi layo lokubhaka iBakers Creationz, ngendlela emangalisayo.

USithole uthi wayeqeda isizungu ezama ukubhaka kodwa wazithola esenothando lwakho.

"Ngaqala ukubhaka ngilapho, ngizidlalela nje. "Kuthe uma ngifika ekhaya, ngaqhubeka nokubhaka nokuyilapho ngabona khona amathuba okuba nebhizinisi langempela."

Uhambo lwakhe lokubhaka lwaqala phesheya, e-UK ngo-2000, ngemuva kokushiya elakuleli ethole umsebenzi efemini ekhiqiza ukudla phesheya. Uthi babehlala endlini eyodwa nozakwabo abadabuka khona lapha eNingizimu Afrika, beshintshana ngokupheka, futhi washeshe wafunda iukupheka.

"Noma nini lapho ngithenga amakhekhe, ngangihlale ngithola okuthile okungangijabulisi futhi ngibe namacebo okuthi ngingakulungisa kanjani," kusho yena ekhumbula isiqalo sebhizinisi lakhe.

"Ngafika esigabeni lapho sengikwazi khona ukuzenzela, ngibhakela umndeni nabangani bami, kwakhula kusukela lapho."



UNJABULO Sithole unesifiso sokukhulisa ibhizinisi lakhe uma enqoba umklomelo wokucathuliswa weNedbank

Isithombe: SIGCINIWE

Esebuyile eNingizimu Afrika uSithole waqala ukudayisa amakhekhe akhe kwaze kwangena nendodana yakhe esafunda amabanga aphansi.

"Indodana yami yaba wumthengisi wami wokuqala," esho ehleka. "Ubedayisa ama-muffin nama-pancake esikoleni. Kodwa ayephela engakafiki esikoleni. Wayekujabulela lokho ngoba wayethola imadlana yekhomishini. Ngagcina senginezingane zesikole eziningi ezazinentshisekelo yokungidayisela, amakhekhe babewadayisa ngo-R2 bese benza ikhomishini ka-50 cents. Futhi ngangizokwenza u-50 cents ngoba izindleko zokukhiqiza zaziwu-R1."

USithole wonga isenti nesenti ukuze athenge izinto zokusebenza ezifanele futhi aguqule ikhishi lakhe libe yibhikawozi elincane. Namuhla, ibhizinisi lakhe selikhule kakhulu ngale kwekhaya lakhe; manje usenendawo asebenzela kuyo yasemakhaya lapho aseqashe khona abantu abangu-30.

Amakhekhe adlisa ngawo - ama-snowball

"Sidayisa ama-snowball angu-8 000 ngesonto," usho kanje. "I-snowball yendabuko yikhekhe eliqinile. Elethu lihlukile ngoba lisuselwa ekhekheni lesipontshi, hhayi nje noma yiliphi ikhekhe lesipontshi, ikhekhe lesipontshi elithambile. Siligcwalisa nge-buttercream. Ngaphandle, lisabukeka njengelidala lendabuko, kodwa uma ulithinta, yilapho uqaphela khona ukuthi liyinto ehlukile. Futhi-ke lapho uluma, yilapho ozwa khona ukuthi lintofontofo impela kodwa iyona i-snowball ngobumnandi bayo ejwayelekile."

Manje, uSithole ungomunye wosomabhizinisi abangu-16 bokugcina emqhudelwaneni iNedbank Pitch & Polish, lapho osomabhizinisi beveza imibono yabo yezamabhizinisi ukuze bathole ithuba lokuwina umklomelo ka-R1 million, okuhlanganisa nokuthola ukucathuliswa nokuqeqeshwa kwezamabhizinisi.

Njengoba elinde isigaba esilandelayo somncintiswano, uSithole unethemba lokuthi uzophuma phambili kwi-top 8 agcine ethathe umklomelo omkhulu. Uma ewinile uhlela ukutshala imali kwezinye izinsizakusebenza, andise umkhiqizo, andise nezinsiza zezithuthi ukuze akwazi ukufinyelela ngale kweKZN neGauteng, afinyelele ezweni lonke.